



ISIKHWAMA SE-OPERATION VULA

Ingxenye 1 yeFomu Lokufaka Isicelo

Umnotho Ongakhokhelwa Ntela

(R1.00 - R50 000,00)

Leli fomu kumele lisetshenziselwe kuphela ukufaka isicelo soxhasomali engaphansi kwama-R50 000.00.

ULWAZI OLUVAMILE

1. Fundisisa yonke imibuzo kanye nezidingo ngaphambi kokuba ugcwalise ifomu lokufaka isicelo. Uvumelekile ukwengeza elinye iphepha uma kunesidingo.
2. Qinisekisa ukuthi yonke imininingwane ehlinzekiwe iyiqiniso. Izicelo ezinininingwane engesilona iqiniso angeke zibhekelelwe.
3. Qinisekisa ukuthi uyenzile ikhophi yesicelo sakho, kubandakanya nawo wonke amaphepha owanamathisele kuso.
4. Qinisekisa ukuthi unamathisele yonke imininingwane edingekayo esicelweni sakho futhi wakhombisa ngophawu ukuthi ikhona ohlwini lwakho lokubheka ukuthi ukufake konke okudingekayo.
5. Qiniseka ukuthi isamba esiphelele semali oyidingela isicelo sakho sivezwe ngokucacile, kuye ngokohlu lwezilinganiso zamanani oluthumelile.
6. Kumele waziswe ngokubhalwe phansi uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha kanye Nezemvelo(EDTEA) maqondana nanoma yiluphi ushintsho ekheleni lomfakisicelo, inombolo yocingo, inombolo yefeksi kanye nekheli le-imeyili. **I-EDTEA ngeke ithweswe icala uma ingkwazi ukuxhumana nomfakisicelo.**
7. Usuku lokugcina lokulethwa kwezicelo umhla **zingama-20 kuNhlangulana wezi-2023 ngo-16H00**. Abafakizicelo bayanxuswa ukuthi balandele umnqamulajuqu obekiwe, njengoba izicelo ezizofika eMnyangweni sekwedlule isikhathi esibekiwe, ngeke zicutshungulwe. UMnyango ngeke uthwale icala ngezimo zangaphandle ezingaholela ekutheni izicelo zifike sekwedlule isikhathi esibekiwe.
8. Izicelo ezigcwalisiwe kufanele **zithunyelwe eNhlokoHovisi yakwa-EDTEA** eku-270 Jabu Ndlovu Street, Pietermaritzburg kumbe emaHhovi akwa-EDTEA eZifunda.
9. Angeke zibhekelelwe izicelo ezizothunyelwa nge-imeyili, isikhahlamezi kanye neposi elirejistiwe. Akukho semahlombe omnyango ukuyolanda iposi
10. Umnyango wethembisa ukulandela inqubo ekhululekile futhi engenakwenzelela maqondana nezicelo, ngokuhambisana neNqubomgomo Yokuxhasa Ngezimali ye-EDTEA.
11. Kuzoqikelelwa ukuthi yonke imininingwane igcinwa iyimfihlo futhi ngeke idalulwe noma isetshenziselwe enye inhloso ngaphandle kokuhlola ukufaneleka kwebhizinisi, ngaphandle uma kungukuthi idingeka ngokugunyaza komthetho.
12. Ngenxa yobuningi bezicelo ezilindelekile, kuzoxhunyanwa kuphela nabafakizicelo abazodlulela esigabeni esilandelayo sokuhlola.
13. UMnyango awukhokhisi imali ngamafomu okufaka izicelo.



ISIKHWAMA SE-OPERATION VULA

Ingxenye 1 yeFomu Lokufaka Isicelo

Umnotho Ongakhokhelwa Ntela

(R1.00 - R50 000,00)

Leli fomu kumele lisetshenziselwe kuphela ukufaka isicelo soxhasomali engaphansi kwama-R50 000.00.

ISIGABA A: IMININGWANE YEBHIZINISI

| | | | | | | | | | | | | | | | | |
|---|-----------|---------------------------------|----------------------|-------------------------|-------------------|-------------------------------------|----------|-----------------|-----|----|--|--------|--|--|--|--|
| Igama lebhizinisi | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Inombolo Yemvume Yokuhweba | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Amagama Aphelele Omfakisicelo | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Inombolo Kamazisi | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Ubulili | Isifazane | | Isilisa | | Obunye | | Iminyaka | | | | | | | | | |
| Ubuzwe | UmAfrika | Umlungu | Umndiya | | Khaladi | | Obunye: | | | | | | | | | |
| Ngabe uphila ngokukhubazeka | Yebo | Cha | Omakadebona kwezempi | | | | | | Yes | No | | | | | | |
| Isikhundla somfakisicelo/ iqhaza alibambe ebhizinisini | | | | | | | | | | | | | | | | |
| I-imeyili | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Inombolo yocingo | | | | Inombolo yeselula | | | | Enye inombolo | | | | | | | | |
| Ikheli Lendawo Lebhizinisi | | | | | | | | | | | | ikhodi | | | | |
| Isifunda: | | uMasipala Wendawo: | | | | | | Inombolo yeWadi | | | | | | | | |
| Idolobha: | | ISifundazwe: | | | | | | | | | | | | | | |
| Igama lendawo edumile eseduzane (isikole, isonto, iholo, njll.): | | Uhlobo lwendawo (faka uphawu ✓) | | Idolobha elikhulu | Idolobha elincane | Indawo yasemakha ya | ilokishi | Imijon dolo | | | | | | | | |
| Chaza igceke lendawo osebenzela khona: (faka uphawu ✓ ebhokisini elifanele) | | | | | | | | | | | | | | | | |
| Umgwaqo/ikhona lomgwaqo | | Ungena umuzi nomuzi udayisa | | Umshini wokuchamuselisa | | Isitolo esisenxanxatheleni yezitolo | | | | | | | | | | |
| Isitende emakethe | | Indlu | | Emuva komuzi | | Ingxenye yesakhiwo samahhovisi | | | | | | | | | | |
| Inqola(container) | | Ingxenye yebndlu | | Isitolo esizimele | | Okunye: _____ | | | | | | | | | | |
| Isimo sendawo yokusebenzela (faka uphawu ✓) | Uqashile | | Indawo yakho | | Okunye: (cacisa) | | | | | | | | | | | |

ISIGABA B: IMININGWANE NGOXHASOMALI OSUKE WALUTHOLA NGAPHAMBILINI

| | | |
|---|----------------|---|
| Sewake waluthola uxhasomali phambilini kuhulumeni/ezinhlakeni zakhe? Uma impendulo ithi yebo, uyacelwa ukuba ugcwalise imininingwano lapha ngezansi | | |
| Isamba owaxhaswa ngaso | Igama lomxhasi | Imininigwane ngalokho owawuxhaselwa khona |
| R | | |
| R | | |

ISIGABA C: IMININGWANE NGOMKHAKHA

Cacisa ngohlobo lwebhizinisi lakho:

Incazelo kafushane ngebhizinisi

(a) Izidingo ibhizinisi elifisa ukuzifeza

(b) Obani amakhasimende akho?

(c) Sekuyisikhathi esingakanani ibhizinisi lisebenza?

(d) Uwuhlinzeka kanjani umkhiqizo kumbe umsebenzi wakho ?

ISIGABA D: IMININGWANE NGAMATHUBA EMISEBENZI

| | Isamba | Ubulili | | | Intsha (eneminyaka yobudala engama-35 nangaphansi) | Abakhubazekile | Omakadebona kwezempi |
|---|--------|---------|-----------|--------|--|----------------|-------------------------|
| | | Isilisa | Isifazane | Obunye | | | |
| Bangaki abasebenzi abaqashwe ngokuphelele? | | | | | | | |
| Bangaki abasebenzi abaqashwe ngokuphelele abazoqhubeka basebenze? | | | | | | | |
| Mangaki amathuba amasha omsebenzi azovuleka? | | | | | | | |
| Bangaki abasebenzi abaqashwe okwesikhashana abakhona? | | | | | | | |
| Bangaki abasebenzi abaqashwe okwesikhashana abazoqhubeka basebenze? | | | | | | | |
| Mangaki amathuba amasha okuqashwa okwesikhashana azovuleka? | | | | | | | |

Qaphela: Uyacelwa ukuba ubike ngokwezinqwelo

| | | |
|--|--|---|
| | | R |
| | | R |
| | | R |
| | | R |

ISIGABA F: AMAPHEPHA ADINGEKAYO OKUFANELE AHAMBISANA NESICELO

Kumele athunyelwe kanye nefomu lokufaka isicelo

| # | Uhlu lokubheka ukuthi kufakwe konke okudingekayo: | Faka uphawu ✓ ebhokisini elifanele uma kufakiwe okukulo |
|----|---|---|
| 1. | Ifomu llokufaka isicelo eligcwaliswe ngokuphelele futhi lasayinwa | |
| 2. | ISIGABA E: IZINCOMO NGOMQONDO WEBHIZINISI esigcwalisiwe | |
| 3. | Isibophezelo esigcwalisiwe saphinde sasayinwa (<i>ISITHASISELO A</i>) | |
| 4. | Ikhophi yeMvume Yokuhweba Esemthethweni | |
| 5. | Amakhophi omazisi abawowonke amalunga afakiwe | |
| 6. | Faka izilinganiso zamanani ayo yonke impahla edingekayo | |

ISIGABA G: ISAZISO KANYE NEMVUME YOKUQOQA IMININGWANE YAKHO

Uyaziswa ukuthi ngokugcwalisa leli fomu, umfakisisicelo kanye nazo zonke izinhloko kanye/kumbe nabantu okukhulunywe ngabo lapha bayavuma ukuthi imininingwane ngabo (lapha eqoqwe yabizwa ngokuthi imininingwane yakho/yenu) kuzodingeka ukuba idalulwe futhi ibhekwe lapho kucutshungulwa ukukhishwa kwesibonelelo ukuze kubhekiswe imuva labo njengalokhu kudingeka ngokweMithetho Elwa Nokubolekiswa Kwemali yaseNingizimu Afrika kanye nezinqubo ze-FICA ukuze kuhlolwe ukufaneleka kwakho, kubhekwe amarekhodi obugebengu, kubhekwe uma wake wagwetshwa phambilini, kuqinisekise iziqu zemfundo kanye nomlando walapho wake wasebenza khona, kuphenywe nanoma yiluphi ulwazi oluhlinzekile kulesi sicelo.

Maqondana nalokhu, qaphela lokhu okulandelayo maqondana noMthetho Obhekele Ukuvikeleka Kwemininingwane Yomuntu, No. 4 wezi-2013, njengalokhu uchitshiyelwa izikhathi ngezikhathi:

- Ukucutshungulwa kwemininingwane eqondene nawe ngqo kuyahambisana nezibopho ezibekwe umthetho.
- Imininingwane eqondene nawe ngqo ngeke isagcinwa ngaphandle uma izofakwa kwisigcinamagugu imininingwane iyaqoqwa bese kuthi wonke amarekhodi emininigwane eqondene nawengqo izocishwa ezinsukwini ezingama-45 uma ingasadingeki.
- Ubuqotho bemininingwane eqondene nawe ngqo kanye neyoHlaka Oluthintekayo kanye/noma noQoqe Imininingwane kuvikelekile ngokuthi kuthathwe izinyathelo ezingqala ukuvimba ukulahlekelwa, ukulimala kanye nokutholakala ngokungemthetho kwemininingwane eqondene nawe ngqo.
- Unelungelo lokuthola uphinde ulungise imininingwane eqoqiwe, kubandakanya imininingwane ngobuwena kuzona zonke izinhloko ezikwazi ukuthola ulwazi.

ISIGABA H: ISIBOPHEZELO

- 1) Umfakisicelo uvuma ngokungananazi futhi uyagunyaza ukunikezela ngemininingwane yakhe ukuze kufezekiswe inhloso echazwe ngenhla.
- 2) Yonke imininingwane ehlinzekwe kulo mbhalo kanye nawo wonke amanye amaphepha awusizo afakiwe kungesiyona kuphela Ipulani Yebhizinisi ayiqiniso, alungile futhi aphelele.
- 3) Akukho zinyathelo zomthetho, ukulamula noma ukudliwa kwempahla ngenxa yokungabi namali, kumbe ukuhlengwa kwebhizinisi okukhona, noma okusamisiwe kumbe okulengela ibhizinisi. Uma kukhona okunjalo, kumemele idalulwe imininingwane ngakho kulesi sicelo.

YEBO

CHA

ISITHASISELO A: UKUDALULWA KWEZINTSHISEKELO

1. INHLOSO YEFOMU

Nanoma yimuphi umuntu (wenyama noma wangokomthetho) angasifaka isicelo sesibonelelo soxhasomali. Ngokuhambisana nemigomo emaqondana nokubeka izinto obala, ukuba nesibopho sokubika, ukungenzeleli kanye nendlela yokuziphatha njengalokhu ibhalwe kuMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika nanjengalokhu kuvezwa nakweminye imithetho ehlukeni, kuyadingeka ukuthi amalungu/abaqondisi baphumele obala ngemininingwane edingeka lapha ngezansi.

2. UKUPHUMELA OBALA KWAMALUNGU

2.1. Ngabe usebenzela uhulumeni? (uyacelwa ukuba ufake uphawu ✓ lapho kudingeka khona)

YEBO | CHA

Uma impendulo ingu-yebo, uyacelwa ukuba uhlinzeke imininingwane: _____

2.2. Bukhona ubudlelwano onabo nanoma ngubani oqashwe eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha kanye Nezemvelo? (uyacelwa ukuba ufake uphawu ✓ lapho kudingeka khona)

2.2.1 Uma ekhona, nikeza imininingwane

| AMAGAMA APHELELE | UBUDLELWANO (CHAZA) |
|------------------|---------------------|
| | |
| | |
| | |
| | |

ISignesha Yomfakisicelo:

Usuku: